basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## FEBRUWARI/MASHI 2015

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-6.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka (lungaba imephu/idayagramu, ishadi lemicabango, amagama asemqoka njll). Fundisisa bese ulungisa amaphutha emsebenzini wakho.

6. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   Amaminithi angama-80: ISIQEPHU A
   Amaminithi angama-40: ISIQEPHU B
   Amaminithi angama-30: ISIQEPHU C

8. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

9. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

## UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Indlela Engiphila Ngayo Nabangani Bami. **[50]**

1.2 EziFundazweni (Provinces) zaseNingizimu Afrika asikho engisithanda njengalesi engikhulele kusona. Bhala indaba ngesihloko esithi: Engikuthandayo NgesiFundazwe Sami. **[50]**

1.3 Bhala indaba ozoyinika isihloko bese igcina ngalawa magama alandelayo: ... ngilapho engikhona namhlanje ngenxa yokubekezela. **[50]**

1.4 Angeke Ngiphinde Ngikwenze Lokhu Empilweni Yami. **[50]**

1.5 Ukuhambela Kwamanye Amazwe Usemncane Kuvula Umqondo. **[50]**

1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Nika indaba yakho isihloko esifanele.

1.6.1




[*Sicashunwe ku-Destiny Magazine-2013*] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **Incwadi yokukhononda**

Uthenge ikhekhe edolobheni. Uthe uma ufika ekhaya wathola ukuthi selonakele/libolile. Bhalela uMphathisitolo (Manager) incwadi ukhononde, ucele nokubuyiselwa imali oyikhokhile. **[30]**

2.2 **Umlando ngomufi**

Umzala wakho ushone ngemuva kokugula isikhathi eside. Umndeni ukucele ukuthi ubhale umlando ozofundwa enkonzweni yomngcwabo. Bhala umlando ngomufi. **[30]**

2.3 **Irivyu/Isibuyekezo**

Bhala irivyu/isibuyekezo sencwadi oke wayifunda. Veza yonke imininingwane ehambisana nokubhalwa kwerivyu. **[30]**

2.4 **Inkulumo**

Umngani wakho uzoba nomcimbi wokugubha usuku lwakhe lokuzalwa lweminyaka engama-21 (21st Birthday). Ukucelile ukuthi ukhulumele abangani. Bhala inkulumo ozoyethula kulo mcimbi. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **Ikhadi lesimemo**

Udadewenu omdala uziphathe kahle. Abazali bakho bafisa ukumenzela umcimbi wokumkhulisa bakhombise injabulo yabo. Bhala ikhadi lesimemo umeme izihlobo nabangani ukuzojabula nani ngalolu suku. **[20]**


3.2 **Iphosikhadi**

Uhambe nabangani bakho naya ekhempini. Bhala iphosikhadi wazise abazali bakho ngohambo lwenu. **[20]**

3.3 **Inkombandlela**

Uthe uphuma esiteshini sesitimela (Train Station) wamiswa umshayeli webhasi ebuza indlela eya esitediyamu (Stadium). Sebenzisa le nkombandlela elandelayo ukumyalela ngokulandela imicibisholo: **[20]**

**INKOMBANDLELA**




[Icashunwe ku-*www.googlemap.com*]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE 100**